


NGOKUKHOLWA, UMOSE

 Ngiyabonga, Mfowethu Neville. Sanibona ekuseni, bantu. Kuhle ukuba lapha namhlanje etabernakele. Futhi ngicabange ukuthi mhlawumbe ukube ngithole uMfowethu Neville ukuba akhulume kulokhu ukusa, ngizozama namhlanje kusihlwa. Futhi-ke bengibuka emuva ngalesosikhathi esifundweni sikaSonto sikole ngalokhu kusa. Nalokho i... INkosi ithanda, sizozama uku—ukuba nalesifundo sikaSonto sikole.

² Manje, sekungamaviki amabili manje, cishe, selokhu ngingenile. Futhi benginovalo kakhulu njengoba niqondile, ukuthi, ensimini, ngithole ngempela, ukukhandleka ngempela futhi kubelukhuni ngisho ukuba ngike ngiqhubeke. Kwase kuthi-ke bengifanele ngingenele ukuphumula okuncanyane. Futhi ngithathe cishe izinsuku ezintathu ezansi eDamini iWolf Creek, ezansi eKentucky, lapho engazalelwa khona. Ngicabangile, “O, ngizizwa nje ngikahle kakhulu manje. Ngikahle.”

³ Futhi ngibuye ekhaya, futhi into yokuqala encane ehlangabezane nami ebusweni kube yindaba thizeni kahulumeni nentela yemali engenayo. Ngihambe yonke indlela ngiya emsukeni futhi. Ngakho ngaqondile ukuthi kuzothatha ngaphezu nje kweviki noma amabili ukuziphumuza.

⁴ Nenkonzo yami ilungiselela ukwenza ushintsho manje. Futhi anginayo imihlangano ehleliwe. Futhi kungalesosizathu ukuthi ngithi nje ukubuyela eceleni, futhi ngacabanga, futhi manje okwamaviki ambalwa alandelayo, ngizothatha nje ukuphumula, ukuphumula okuphelele, bese ngilinda eNkosini.

⁵ Nabaningi benu bantu ophakathi lapha, asebekhulile, abakade benathi isikhathi eside, uyakhumbula ukuthi yini iNkosi ekushilo kithi, Ibihlala njalo yenza lokho lokhu Eyathi Iyokwenza.

⁶ Khumbulani, ngenkathi khona impela ekuqaleni, ebandleni lapha, ukusa esabeka ngakho itshe letabernakele, ukuthi kanjani Yona... Kwabhalwa, futhi kulele etsheni, ekhasini elingenalutho lokugcina leBhayibheli lami. Ngalokho kusa, lowombono omkhulu, wathi, “Leli akusilo itabernakele lakho.”

⁷ Ngathi, “Likuphi, Nkosi na?” Futhi Yangihlalisa ngaphandle phansi kwesibhakabhaka. NePhimbo lafika. Futhi ngabuka ngase ngibona lezoziphambano ezintathu, njenge, izihlahla nesithelo sazo, kanjalonjalo. Niyazi ukuthi umbono uyini. Kwalotshwa, iminyaka.

⁸ Ngiphakamisa, ngolunye usuku, incwadi endala phezulu lapho, ngifunda ezinye zezinto iNkosi eyazisho, eyazisho

ngaphambili; esezivele ziyafezeka. Mayelana nezinto zabantwana, namayelana nokuthi impi izovela kanjani, nazozonke lezozinto ezishayile.

⁹ Nje izinto ezimbili ezisele, kwesinye salezo ziprofetho ezinkulu. Lokho ngukuthi, ukuba izimoto zibe semgwaqeni zinerimothi-khontrololi, zibukeka njengeqanda, kuphela awuyishayeli. Iyazilawula yona uqobo. Bese kuthi-ke kuzobakhona owesifazane omkhulu ovukayo, ngoba iMelika isizwe sowesifazane. Futhi izo...Owesifazane omkhulu uzovuka, futhi abe nguMengameli noma into enjalo, esizweni. Futhi khona-ke kuzofika ukushabalaliswa ngokuphelele. Isizwe sonke sizoshanyelwa nya.

¹⁰ Futhi, lokho, ngiyabikezela...Manje lokhu akusiyo iNkosi isho lokhu. (Okunye, ngowesifazane, kuyi, yiNkosi.) Kodwa ngabikezela, ngo 1933, ukuthi umhlaba uyohlangana nokushabalaliswa okuphelele ngaphambi kuka '77.

¹¹ Ngakho, ngangingakazi ngalesosikhathi ukuthi bebenento engawushabalalisa njengalokhu benakho manje, kodwa ngisibonile isizwe sisekushabalalisweni okuphelele, iziqu nje zezihlahla nezinto ezikanjalo, zisele.

¹² Ngakho, kusendleleni yakho. Futhi uma zonke lezi ezinye izinto seyifezekile njengoba nje Yasho, ukuthi kuyobanjalo futhi; futhi njengoba nje Yasho emBhalweni lapha, lokho Ekushoyo. Uma uKristu afika okokuqala, Uzofika okwesibili. Nazozonke izinto Azisho zizofezeka. Futhi ngokufanele ngibona lokhu, futhi ngazi ukuthi si...inombolo yethu seyizobizwa nje, njengesizwe, sazi ukuthi iBandla selizothatha uHlwitho lwaLo. Kunyakazisa inhliziyo yomfundisi, noma yimuphi wabangafundele lutho, ukwazi ukuthi sikulolusuku nesikhathi esiphila kuso. Yisikhathi esikhulu kakhulu lapho noma yimuphi umuntu owake waphila emhlabeni, kumanje; lokho ngukuthi, eBandleni. Ngakho, impela ngilangazelela imikhuleko yenu.

¹³ Futhi khona-ke ngibonile etabernakele, futhi ngibonile ukuthi bebene...babezoba nokhetho lakabusha nayoyonk'into, ebandleni, lwelinye ibhodi futhi kanjalonjalo.

¹⁴ Ne—nebandla belidinga umhlangano omncane, ukuzanyazanyiswa okuncane. Futhi benilokhu nilungile kimi, futhi nangibusisa. Futhi ngami ngilapha, kubonakala sengathi kube yisibusiso kini. Futhi ngiqinisekile, ukuba nani, kube yisibusiso kimi. Futhi benihlala njalo nikwemukela engikushilo ukuthi kuliQiniso, njengoba ngikubonile ngoNkulunkulu. Futhi ngi—ngiyakuthakasela lokho.

¹⁵ Ngakho manje-ke, ngiqale phakathi, bese kuthi-ke bengifanele ngithole, futhi ngithole ibandla lethu liqondisiwe, emahodini alo, bese-ke okokhetho nokunye nokunye. Bese kuthi-ke—kuthi-ke, ngicabangile, emva kwalokho, ngiphumile

futhi ngathola ukuphumula okuncane ngaphambi kokuba ngibuyele ensimini futhi.

¹⁶ Kugcineni ngaphakathi kwenu uqobo. Manje, akusikho okwabangaphandle. Okwalelitabernakele. Sifuna umhlangano nalelitabernakele, ukuze yonk'into, nalolonke iphutha, nazozonke izinto ebeziqhubeka, futhi mhlawumbe imizwa emincane komunye nomunye; labo, ngizobathola bonke bese ngibaletha ngqo ubuso nobuso. Ngakho uma ningafuni ukubhekana nakho, kungcono uhambe ezweni; ngoba uza ubhekana ubuso nobuso nakho konke okuncinyane kwakho, njengoba sasivamise ukwenza lapha etabernakele. Futhi konke ukuba kuqondiswe kahle, ngoba singabafowethu nodadewethu abephule isidlo, uMzimba kaKristu, ukuvundla itafula lezibusiso. Futhi akulutho kepha udeveli uyokwenza noma yini eyoba yiphutha, futhi uyobangela imizwa, noma adabule, noma yini ekanjalo. Futhi ngithatha uMfowethu Neville, futhi sisuka endaweni siye kwenye, futhi silethe abantu kubantu, ndawonye, kuze kuba itabernakele elidala libuye, lamiswa futhi, ngezinyawo zalo, ukuqhubekela uMbuso kaNkulunkulu. Manje, lesi yisona, sizathu ngisho lokhu, yingoba kukuleliqembu lethu elincane lapha kulokhu ukusa.

¹⁷ Futhi manje ngizothola ukuphumula, futhi ngibuye masinyane ngakho konke engingakwenza. Ngakho-ke ngilindele ukuhamba ngiye ensimini futhi. Futhi kulesisikhathi, iNkosi ithanda, ngifuna ukuthatha lokho okuncane esesikuqongelele ezimalini, kanjalonjalo, kwami uqobo, ngaphandle e... loluhlelo lwemishini yangaphandle. Futhi ngizitholele ithende elisha, nezinto zokusebenza ezintsha, futhi ngiqale ensimini. Hhayi ukusuka ebandleni ngiye ebandleni, kodwa ukuhamba emihlanganweni yethu uqobo.

¹⁸ Manje, kungesikho ukungahloniphi kubazalwane abangimemile, okungukuthi kuyamangalisa. Kodwa iningi lakho konke, uthola lezizingqungquthela, bathi uzoba lapho, bese kuthi-ke bonke abangani bakho bayangena, bese-ke kuba nakho konke okuningi ukudlalwa kwezigubhu okukhulu kwenzelwa imali. Kumunca nje labo bantu. Ngisanda nje kukuthola lokho, niyabo. Ngakho lokho—lokho akukuhle. Sifuna ukuba nendawo lapho esingabaletha khona. Awudingi ukuba ulethe imali yakho. Woza ngapha nje, wena uqobo, futhi—futhi ukhonze iNkosi. Niyabo? Futhi ngakho manje...

¹⁹ Futhi inkonzo yami isithathe ushintsho njengamanje. Niyakhumbula ngesikhathi ngangivamise ukuba ngibambe isandla somuntu, futhi ngime nje lapho, neNkosi ingitshela ukuthi bekuyini inkathazo yabo. Yathi, “Ngakho-ke kuyakufezeka, wazi imfihlo yenhliziyo yabantu.” Nonke niyazi ukuthi lokho kwenzeka ngokuphelele nje ngendlela Okwasho ngayo. Manje lesi isinyathelo esilandelayo, esiprofethiwe futhi

sashiwo ngaphambili, esizoba kude le ngale kwanoma yikuphi Okwakho, niyabo. Futhi kukhona manje enguqukweni.

²⁰ Futhi yingalesosizathu uSathane elwa nami ngentela yemali engenayo, ezama ukungitshela, uhulumeni, ukuthi ngikweleta intela yemali engenayo kuwowonke upeni engiwuthathile, njengomfundisi, kusukela eminyakeni yonke engamashumi amabili nesikhombisa eyedlule, ngingenile enkonzweni. Akunjalo, ngoba yedlule ebandleni lapha.

²¹ Ngingumphatheli walelibandla. Lokho kunjalo impela. Kusemarikhodini phansi lapha. Ngakho, manje-ke, uma ngingumphatheli ongumgcini-mafa walelibandla, khona-ke akukho lutho ezweni. . . Uhulumeni akanalutho angalwenza ngakho. Ababuzi ibandla. Babuza mina njengomgcinimafa webandla. Nabaphatheli usayine iphepha elisebhange ngale, ukuthi zonke izimali zami. . . Esikhundleni sokuba nenhlangano yosizo engeyami, ngikwedlulisele ebandleni lami lapha, ngoba ngokuzenzekelayo liyinhlangano yosizo, empeleni.

²² Futhi ukwenza lokho, kungisiza ngokungigcina ekungabalekeleni ibandla futhi ngilishiye, futhi ngiqhubeke ngaphandle futhi ngingabi lutho lapha. Emva kokuba ngethembisa abantu ukuthi ngiyobuya ebandleni, isikhathi ngesikhathi, futhi ngibasize. Kungalesosizathu ngikugcine kukanjalo, ngoba ngenza isethembiso kinina bantu. Yingakho ngihlala nakho ngaleyondlela, esikhundleni sokuba neyangamunye. Ngakho-ke, uma wenza lokho, kukuphonsela enhlanganweni. Futhi ngimelene ngokuqinile nenhlangano. Ngakho ngi—ngizokugcina ngendlela nje okungayo, ezandleni zikaNkulunkulu, ukuze sikwazi ukuqhubekela uMbuso kaNkulunkulu.

²³ Manje, kulokhu ukusa, sifuna ukufundisisa leliZwi elidala elibusisiweyo, futhi sikholwe.

²⁴ Manje, ngifuna ukuthi, futhi. . . Ngibona uMfowethu Egan nabaningi, abanye abangabaphatheli behlezi lapha, emva kokuba sibe nomhlangano wethu wabaphatheli, ngobunye ubusuku; kuliqiniso, ngikwenza obala phambi kwebandla, ukuthi ngamunye wenu anisesibo abaphatheli a—abaqokiwe. Ningabaphatheli abakhethiwe, futhi igama lakho lizezincwadini. Kulungile.

²⁵ Futhi manje bazoba nolunye ukhetho lwama—lwamadikoni, kanjalonjalo. Futhi uMfowethu Neville nguye, uzobe ebiza labo masinyane emva kwalenkonzolo, kulungile, futhi okomgcinimafa nokunye nokunye, njengoba simisa ibandla ngohla. Silithola, zonke izisekelo, zilungele, lapho-ke singaba nemvuselelo njengoba iza.

²⁶ Manje, ngaphambi nje kokuba sivule emuva emakhasini lapha, okwesifundo sethu sikaSonto sikole, kuleliZwi elikhulu likaNkulunkulu ophilayo, ake sikhothamise amakhanda ethu,

imizuzwana embalwa, sisakhuluma naMqalisi waleNcwadi. Futhi manje bekani eceleni wonke umcabango, yonk'into ephambene, ukukubamba ukuba ube nesibusiso.

Asikhuleke.

²⁷ Nkulunkulu ongcwele kakhulu nolungile, eBukhloneni baKho obuhloniphekile siyeza manje, sinikela kuWe izimpilo zethu, nemiphefumulo ye—yethu, nemizimba yethu, nezinkonzo zethu, namakhono ethu. Nakho konke lokho esinakho, sikwethula Kuwe. Futhi njengoba Usibheka, Nkosi, uma kukhona noma yisiphi isono esisobala futhi singavunyiwe, sizocela Wena, O Nkosi Nkulunkulu, ukuthi Uzobheca iGazi leNdodana yaKho, uJesu, endaweni enjalo. Ngokuba, siqonda ukuthi thina ngokwethu uqobo asenele, futhi lapho akunakwenzeka nhlobo ukuthi thina sike sibe sikwazi ukuzigcina ngokwethu. Kodwa sincike ngokuphelele eGazini laKhe eliligugu, nomusa waKhe ukuba usebenze endabeni yethu, ukuthi thina zoni ezingafanele singakwazi ukuza ngesibindi langa-limbe eBukhloneni baKho, siletha phambi kwethu leliGazi leNkosi uJesu. Okungukuthi, Wena, ezikhathini ezedule, ukubonile ukuthi kube yiGazi leNdodana yaKho ezelwe yodwa, futhi wenze isethembiso, ukuthi, “NgaYe, uma sivuma izono zethu, siyakulungisiswa ngomusa waKhe.”

²⁸ Futhi manje sizocela, Nkosi, ukuthi Uzosithethelela kunoma yiliphi iphutha, noma yisiphi isono sesiphambeko noma ukweqa, isiphambeko, ukuthi noma ngabe yimuphi umcabango omubi uhlabane umphefumulo wethu, ngemicibisholo evuthayo kadeveli, ukuthi Uzoxosha lesisitha esibi saKho, nesabantu baKho.

²⁹ Futhi singacela ukuthi Uzothumela uMoya oNgcwele ukuthi uzothatha ubambe iZwi kulesisikhathi, sisazinikela thina uqobo njengamathuluzi, ukuthi Uzokhuluma ngathi, futhi uzwe ngathi, iZwi laKho. Futhi kwangathi thina ekuphenduleni siKwemukele kuvela kuWe, futhi sishiye lendawo, namhlanje, sizizwela ukuthi silungisekile futhi emsebenzini kaKristu; ukuze sikwazi ukulungela kangcono lenkonzo yakusihlwa nakusasa, ngenxa yokuvasha kukaMoya oNgcwele.

³⁰ Busisa umzalwane wethu yonk'indawo, amabandla emhlabeni wonke jikelele, obambe iZwi lokuPhila kulolusuku olubi. Sizizwela ngathi asisekho isikhathi esingako esisalele ukuba sisebenze, ngoba ubusuku buza ngokushesha okukhulu. Amafui empi ayantanta futhi. Ububi busondele, futhi siyakhuleka ukuthi Uzosivumela sisebenze kakhulu kunakuqala. Phumuza imizimba yethu ekhandlekile, Nkosi, bese usithumela emuva empini. Ngoba sikucela eGameni leNkosi uJesu, nangenxa yaKhe siyakhuleka. Amen.

³¹ Sisavula, kulokhu ukusa, iBhayibheli, esahlukweni se—se 11 seNcwadi yamaHebheru.

³² Ngolwesithathu ebusuku besikhuluma ngesahluko 7 seNcwadi yamaHebheru, ka “Melkisedeki, engongenababa, futhi engenamama, engenasiqalo sezinsuku, noma isiphetho sokuphila.”

³³ Futhi ngicabange ukuthi, mhlawumbe, kulokhu ukusa, kuzoba ngokufanelekile ukuvula futhi leNcwadi enhle kakhulu, kungukuthi sinezisekelo zalokhu esifisa ukukusho, ekufundweni kwasekuqaleni. Futhi seqela ngale esahlukweni se 10, nesahluko se 9, okuyimithetho yemihlatshelo, sizofika endaweni yo “kukholwa.” Futhi lapha eNcwadini yamaHebheru, isahluko se 11, futhi siqala ngevesi lama 23, siLifunda kanje:

Ngokukholwa uMose, esezelwe, wafihlwa ngabazali bakhe izinyanga ezinthathu, ngokuba bembona engumntwana omuhle; abawesabanga umyalo wenkosi.

Ngokukholwa uMose, esekhulile, wala ukubizwa ngokuthi indodana yendodakazi kaFaro;

Kunalokho wakhetha ukuphathwa kabi kanye nabantu bakaNkulunkulu, kunokuba athokoze isikhashana esonweni;

Ethi ukuthukwa ngenxa kaKristu kuyimfuyo enkulu kunencebo yeGibhithe:...futhi wayebheke kuwo umvuzo.

Ngokukholwa washiya iGibhithe, engesabi ulaka lweNkosi: ngokuba wakhuthazela, sengathi uyabona ongabonwa.

³⁴ Ngifuna ukuthatha ingqikithi, kulokhu ukusa, “ukukhetha ngokukholwa.” Futhi ngifuna kube indikimba, amagama amathathu okuqala esahluko 23, “*NgokuKholwa, UMose.*” Futhi, “ukukhetha ngokukholwa,” cishe yonke into esiyenzayo, sifanele sikhetha ngokukholwa. Futhi konke lokho esithola ukuthi uMose wakwenza, lokho kufanelekile ukuthi kuphindwe, kwakungokukholwa; kungesikho ngokubona, kodwa ngokukholwa.

³⁵ Futhi isizathu ukuthi ngikhetha lokhu kulokhu ukusa, ukwenzela ibandla elikulesisimo, kube ngokuthi kukokwethu...ngisho nezikole zethu, nakulendawo, sibe nokukhulu kakhulu ukufundisa kwesayense. Ngenxa yalokhu, sidonse abantu sabasusa ekukholweni. Manje, ukukholwa akufakaziswa ngesayensi. Ukukholwa yilokho isayensi engakuboni. Futhi thina...Uma sike salahlekelwa yilokhukukholwa okukhulu, khona-ke sisebumnyameni ngokuphelele, ku...akunandaba ukuthi sifundiswe kahle kanjani, ukuthi singalichaza kanjani iZwi likaNkulunkulu, ukuthi lilungele indlela yethu yokukholwa.

³⁶ Ayikho indlela yokuba uke uthokozise uNkulunkulu, kuphela ngokukholwa. UmBhalo ukusho kucace ngaleyondlela,

futhi kungokukholwa. “Futhi ngaphandle kokukholwa,” kusho umBhalo, “akunakwenzeka ukuthi uthokozise uNkulunkulu.”

³⁷ Ngakho, uma ukukholwa kungavumelani nesayensi, nesayensi ayivumelani nokukholwa, lokho kuzibeka o—onqenqemeni kokunye nokunye, lapho-ke kumele sithathe ukukhetha njengoba uMose enza. Ngokukholwa siyakholwa!

³⁸ Manje, uma silahlekelwa ukukholwa, lapho-ke singeke sibenomkhuleko ophendulwa nguNkulunkulu. “Ngoba loyo oza kuNkulunkulu kumele akholwe ukuthi Ukhona, futhi ungumvuzi walabo abaNkulunkulu ngokuzimisela.” Ngakho, uma silahlekelwa ukukholwa, imikhuleko yethu iyachithwa; asifiki ndawo.

³⁹ Ngakho yilokho konke esingacabanga ngakho, kulokhu ukusa, ngukubambelela ekukholweni. Ngakho-ke, uma silahlekelwa ukukholwa, onke emathemba ethu lihambile. Futhi uma silahlekelwa ukukholwa, konke okwethu okuphathekayo kukamoya kuhambile. Ngokuba, ungeke ube nokukholwa ezintweni ozibonayo, ngokuba zonke izinto ozibonayo zonke ziyabhubha.

⁴⁰ Uma sibuka kumuntu omkhulu, umshumayeli omkhulu, noma ibandla elikhulu, bonke bazobhubha, ngelinye ilanga. Futhi uma sibuka isizwe esikhulu, noma isikhali esikhulu, zonke ziyobhubha, ngelinye ilanga. Ngakho-ke simele siphile ngokukholwa, ngalezozinto isayensi engazisho. Kungokukholwa ukuthi siyakholwa.

⁴¹ Manje, silahlekelwa udumo lwethu uma silahlekelwa ukukholwa. Manje, uma sisuka ekukholweni, khona-ke sithatha ibandla silifake ezingeni lenhlakanipho yenyama.

⁴² Futhi izikhathi eziningi, bekuhlala kucatshangwa, phakathi kwabantu, ukuthi ngoba ibandla belikhulu, futhi bebenamabandla amakhulu, izakhiwo ezinkulu eziyimibhoshongo, nokukhulu, abantu abagqoke kahle nabaqeqeshekile, nezimali eziningi, ukuthi bangakwazi ukuthenga into enjalo, thina, izikhathi eziningi, besicabanga ukuthi lokho kunika ugqozi, ukuthi lelibandla elithize kumele lithole ugqozi. Noma, besivamisile isikhathi esiningi ukubhekisela kubashumayeli abehlukene abaphuma baye ensimini futhi babenemibuthano emikhulu yezixuku, futhi sicabange, ngezinye izikhathi, ukuthi bayizimpawu zogqozi. Kodwa lokho akusilo ngokuphelele iqiniso. Lokho ugqozi lomuntu.

⁴³ Kodwa ugqozi lwangempela luza ngokwenza intando kaNkulunkulu. Niyabo? Noma ngabe kunye, noma kugcwele isandla. Noma ngabe ibandla elikhulu, noma ibandla elincane, lokho akunandaba. Noma ngabe ungesikhulu, isikhulumi esikhuluma ngokucacile, noma umuntu nje ongabazi kahle oABC bakhe, akunandaba. Kuncike emlayezweni awulethayo,

ukuthi uphefumulelwe iZwi likaNkulunkulu, noma, ngabe uphefumulelwe imicabango yenhlanipho yogqozi womuntu na?

⁴⁴ Abanye abantu bangathola ugqozi ngenxa yesikhulumi esikhuluma ngokucacile. Lokho akukwenzi kube kahle. Ngezinye izikhathi babanogqozi ngoba indoda iqeqesheke kakhulu kangangoba ingakwazi ukubeka iphuzu layo ngaphezulu. Lokho akusho ukuthi okukaNkulunkulu. Niyabo?

⁴⁵ Kuphela kungokokungenasiphelo kukaNkulunkulu, iZwi elibusisiwe laPhakade, lapho singemukela khona ugqozi, futhi lokho sikuphiwa nguMoya oNgcwele. Ngokukholwa siyakwemukela.

⁴⁶ Manje singacabanga ngoMose, nalesisikhathi esikhulu sokuphila kwakhe. Futhi sifunda emuva, ekuzalweni kwakhe, ukuthi uNkulunkulu wayemnakekele kanjani, kodwa nakho kufika isikhathi empilweni kaMose lapho kwakudingeka kube nesikhathi sokukhetha. Uma sifunda kahle, siyathola ukuthi wayeyindodana yendodakazi kaFaro, futhi wayeyindlalifa esihlalweni sobukhosi, futhi ngabe waba nguFaro olandelayo eGibhithe. Ngakho wayeqaphela ngenkathi eqalaza lapho, uma esefike emnyakeni ethize futhi yokuzimela, futhi bekuyoba nalezozigqila ebezisebenza emigodini yodaka. NoMose, esabuka ngefasitela lesigodlo, kuzona lezozigqila lezo uFaro ayekade ezibuka, kodwa umehluko ongaka kulokhu kubuka pho.

⁴⁷ Ngifuna ukusekela loyomcabango, kulokhu ukusa, okwemizuzu embalwa, futhi kwangathi uNkulunkulu waseZulwini angakuqondisa kuye ekhaya ngqo kuyoyonke inhliziyo lapha. Kuya ngendlela obuka ngayo noma yini, lokho okwenza umehluko.

⁴⁸ Umvangeli omkhulu, uJohn Sprawl, owaphenduka enkonzweni kaMfowethu Bosworth, loyo abanengi benu bayakhumbula iminyaka eyedlula, we-Old Glory Barn. Wathi, ngelinye ilanga ngenkathi ethatha uhambo, ngaphambi kokushona komlingani wakhe othandekayo nonkosikazi. Babese La Salle, eLorraine, eFrance. Futhi ngibenenhlalaha yokuvakashela indawo efanayo. Futhi umholi wayebathatha ebahambisa ezingadini, futhi ebakhombisa izinto ezehlukene. Base befika kwesinye isithombe esibaziwe esithize seNkosi uJesu, ukubethelwa. NoMnu. Sprawl wayemi ebangeni, esibuka, yena nomkakhe, futhi, ezinhliziyweni zabo, bebagxeka lokho umdwebi okufanele ukuthi wayenakho engqondweni, noma umbazi wamatshe, njalo, ngenkathi ebaza esebenzisa itshe, into ebukeya kabi eyiyo ukuba imele ukuhlupheka nothando nehlaho leNkosi uJesu, nokuthi konke kwakungubudlabha kanjani futhi kubukeka kuqoshiwe nje. Nomholi weza kuMnu. Sprawl, wayesethi, “Mnumzane, ngiyacabanga ukuthi ugxeke lesisithombe esibaziwe seNkosi uJesu.”

Futhi wathi, “Ngiyasigxeka.”

⁴⁹ Wayesethi, “Angimangali nakancane, ngoba abantu abaningi abasibukayo, okokuqala, bayasigxeka.”

⁵⁰ NoMnu. Sprawl wathi, “Kungani, angiboni nahlazo noma ugqozi ekubukeni lento enjena, ngakho ngiyamangala ukuthi kungani lombazi wamatshe akwenza konke kwaba kanje.”

⁵¹ “Futhi lombazi wamatshe...” Wathi, “Mnu. Sprawl, lesisithombe esibaziwe sikahle, nombazi wamatshe ubenento ekahle emqondweni wakhe. Kodwa lapho inkinga ikhona, ikuwe. Yindlela osibuka ngayo.” Wase ethatha yena nomkakhe ngesandla, wabaholela ezansi ealtare ezinyaweni zalesiphambano esishiwo. Futhi wathi, “Manje, Mnu. Sprawl, buka phezulu manje.” Futhi ngenkathi ebuka phezulu, wathi inhliziyo yakhe ithi ukumbulala. Kwakungumehluko onjani na, ukuma lapho bese usibuka ngaleyondlela, nokuthi ushone phansi bese usibuka ngendlela esenzelwa ukuthi sibukwe ngayo.

⁵² Futhi yileyondlela uNkulunkulu angayo. Yileyondlela ukukholwa okungayo. Yindlela okubuka ngayo. Uma ukubuke njengeBhayibheli elingumlando othize, njengento ethize eyayisezinsukwini ezedlula, ungeke uze ukwazi ukuthola isisindo sangempela seBhayibheli. Ufanele uguqe ngamadolo akho, futhi uthobele imiyalo yaleliBhayibheli, bese uLibuka ngamehlo kaMoya oNgcwele.

⁵³ Ngingabuza lezizethameli, kulokhu ukusa. Usisiza ngani uNkulunkulu womlando namhlanje uma Engasuye uNkulunkulu ofanayo na? Usisiza ngani uNkulunkulu, owathatha uMose futhi enze izimangaliso ngaye lokhu akwenza, kuzosisiza ngani thina ukufunda ngoNkulunkulu onjalo uma Engesuye Loyo ofanayo namhlanje na? Usiza ngani lowoNkulunkulu ongakhulula esithandweni somlilo ohangulayo, abantwana bamaHebheru, uma Engesuye uNkulunkulu ofanayo namhlanje na? Usiza ngani uNkulunkulu ongehlulela phakathi komuhle nomubi, osukwini olwedlula, futhi ajezise omubi bese abusise olungile, uma Engesuye uNkulunkulu ofanayo namhlanje na? Siyelani-ke enkonzweni na? Siziyekelelani izinto zezwe, uma Engesuye uNkulunkulu ofanayo ehlulela ngokufanayo, nombono ofanayo abelokhu Eyiwo na? Uzosisiza ngani uNkulunkulu obengathinta isandla sowesifazane owayephethwe ngumkhuhlane onzima, nomkhuhlane ume, uma Engesuye uNkulunkulu ofanayo namhlanje? Kuzosisiza ngani ukukhonza uNkulunkulu owayengabiza umngani waKhe aphume ethuneni, esefe izinsuku ezine, uma Engesuye uNkulunkulu ofanayo namhlanje na?

⁵⁴ Ngokukholwa siyakholwa ukuthi ngelinye ilanga elikhazimulayo Uyosibiza emhlabeni, noma singaba isipunu esigcwele imilotha futhi. Sikufakazisa kanjani na?

Asikufakazisi. Siyakukholwa. Asicelwa ukuthi sifakazise noma yini. Sicelwa ukuba sikukholwe.

⁵⁵ Ngokukholwa uMose wenza *okuthize nokuthize*. Futhi njengoMose, njengensizwa, wabuka ngefasitela lesigodlo, ezigqileni, wabona isigejane esifanayo samakhekheba okungcola, ezingcolile, izigqila ezigcwele udaka uFaro azibonayo.

⁵⁶ Futhi ngenkathi uFaro ebabuka, namaGibhithe, babengelutho ngaphandle kwesigejane sezigqila. Yilokho kuphela ababelunge kukho; ukuthi babe nje abaxovi bodaka, ukuthi benze izitini zodaka ukuze kuzuze amadolobha uFaro ayewakha. Yile yondlela amaGibhithe noFaro ababebuka ngayo izigqila.

⁵⁷ Kodwa uMose, ngenkathi ebabuka, kwakungukubuka okwehlukile uMose ayenakho. Ngesikhathi ebone, edlula ngasefasiteleni, izigodi ezinkulu ebusweni babo, izinyembezi ezehlela ezihlathini zabo, nemizimba yabo egobile, wababuka njengabantu bakaNkulunkulu. Akazange ababuke njengezigqila. Wababuka njengabantu abakhethiwe bakaNkulunkulu.

⁵⁸ Futhi, o, njengoba ngihamba ngale, amazwe ngamazwe, nasesizweni ngesizwe, ngishumayela! Kusukela ngashiya iminyango yalelitabernakele elincane, leso sikole senhlanganisela yamahlelo, esingenamthetho kodwa uthando, esingenancwadi kodwa iBhayibheli, futhi kungenasivumukholo kodwa uKristu, ngizamile ukubuka abantwana bakaNkulunkulu, nakulaba onqatshiwe, njengabantu bakaNkulunkulu abakhethiwe nabaqokiwe. Angibabuzi ukuthi bangabeTabernakele likaBranham yini. Angibabuzi ukuthi ngabe bangamaMethodisti yini, noma ukuthi bangamaPresbyterian, noma ukuthi ngabe bangamaPentecostal, noma amaNazarini, noma iPilgrim Holiness. Ngifuna nje ukubabuka njengabantu bakaNkulunkulu. Futhi uma ngibona ukwenza kwabo nesenzo sabo, ukuthi bayizinceku zeNkosi uNkulunkulu. Futhi inhliziyo yami ifisa ukhlanganyela nabo, akunandaba ukuthi banaluphi uphawu. Ngilangazelela nje inhlanganyelo yabo. Ngiyabathanda ngoba ngiyazi ukuthi bangabantu bakaNkulunkulu.

⁵⁹ Uma ngibona owesifazane eza ehla ngesitaladi, nesiketi eside, nezinwele zakhe zenziwe kahle ngemuva, futhi—futhi egqoke ingubo ebukeya ihloniphekile; futhi ngibona omunye udade omncane, mhlawumbe unyaka ofanayo, egqoke izikhindi; angahle abe, ukube ubukeya, emuhle ngokuphindwe kabili njengowesifazane nje onezinwele ezinde, ngokubuka kwalelizwe, kodwa ngizothatha uhlangothi lwami nayelo ntombazana egqoke njengomKristu. Nakuba bengamhleka, futhi bembiza ngohlanya, nokho, ngizothatha uhlangothi

lwami. Angahle angabi muhle njengalenywe intombazane, ngokuma, kodwa ubona into ethize. Ngokukholwa ubona Lowo Ongabonakali, Ohola ukuphila kwakhe.

⁶⁰ Uma ngibona indoda emsebenzini, ebizwa nge “dikoni,” noma “umshumayeli,” noma “uhlanya,” ngoba ingafuni ukubhema, nokuphuza utshwala, nokuya emidansweni, njengabanye, bese ibizwa ngo “hlanya,” inhliziyo yami iya kuye. UnguMfowethu, ezansi emhlabeni waleGibhithe, lokho kwenza inhliziyo yethu ilangazelele ukumemukela futhi sithi, “Mfowethu, singabafokazi nezihambi, zalezizwe, futhi ngilangazelela ukuhlanganyela nawe.”

UMose kwadingeka enze ukukhetha, ukukhetha ngokukholwa.

⁶¹ Zingaki izinsizwa ezingabe zaligxumela ithuba lokuba yindodana yendodakazi kaFaro! Zingaki izinsizwa ezingabe zaligxumela ithuba uMose ayenalo, ukuthokozela zonke izinjabulo nobukhazikhazi bezwe, ukuba yinkosi yaseGibhithe, ukuba nezwe lonke ezinyaweni zakhe! “Into ewubuwula kanje pho,” ukuthi izinsizwa zosuku lwakhe ezifanele ukuthi zakucabanga, “ngesikhathi uMose akhetha ukuthatha indawo yakhe nabahlushiwe nabantu abahluphekile bakaNkulunkulu.”

⁶² Wakwenzelani na? Ngokukholwa, uma ephakamisa amehlo akhe, wabuka ngale kobukhazikhazi balelizwe. Wabuka ngale kobumnandi besono. Futhi iBhayibheli lasho ukuthi waqinisela ukumbona Yena Owayengenakubonwa, ngokukholwa, futhi wenza isinqumo sokukhonzisa lowoNkulunkulu kungakhathaleki ukuthi kwenzekani.

⁶³ Akukaguquki. Abaningi bethu bangaya kulokho esingakubiza ngesakhiwo esincono. Singathokozela, mhlawumbe, inhlanganyelo nobumnandi bokuhlala ezihlalweni ezingcono. Mhlawumbe singahle sidume kakhulu, ukuphuza nokubhema, nokugqoka nokwenza njengezwe. Kodwa yin’indaba na? Uphakamise amehlo akho, futhi ngokukholwa uyaMbona Ongabonwayo, futhi uthathe isinqumo ukuma nabengqatshiwe nababizwa ngabalingqiki abangcwele bosuku. Ngoba ngokukholwa siyaMbona Ongabonwayo, ukukhetha ukuhlushwa ngezinhlupho nokuhlupheka.

⁶⁴ Ngingeke ngasho kubantu ukuthi bafanele bakhethe ukuhlushwa. Angisho ukuthi nifanele nikhethe ukuhlushwa. Kungeke kube ubuntu ukukwenza. Kodwa uma ukuhlupheka kulele endleleni yomsebenzi, ngakho asikuthathe njengoba kuza. Angifuni ukuthi nenze into ethize nenzele umuntu thizeni ukuthi ahlekise ngani. Ngingeke ngathanda ukuthi nisho izinto ezehlukile, ukuthi, “Ngiyi . . . Ngingowalelibandla elingakholelwa *kokuthize-thize*, kokwezwe,” nezinto ezinjalo, ukuthi nje wenze abantu bahlekise ngawe. Uzilethela wena lokho. Ngingeke ngisho kuwe ukuthi phuma lapha futhi

uqhubeke nokwenza okuthize okwakwehlukile. Ngingeke ngifune wena wenze lokho, ukuze umuntu othize athi uwuhlanya. Uzilethela wena lokho. Kodwa uma kulele endleleni yomsebenzi kuNkulunkulu, yekela izwe lisho abafuna ukukusho. Qhubeka nokuphila.

Yenza ukukhetha. Wonke owesilisa noma owesifazane ufanele enze lokhu.

⁶⁵ Ukube-ke uFaro ubengabona lokho okwabonwa nguMose khona-ke? Wabona ukuhlupheka kwabantu. Wayazi ukuthi yini inhlawulo okwakumele ayikhokhe. Kodwa ngokukholwa wakukhetha, esikhundleni sokuba nobumnandi besono.

⁶⁶ Kukhona mhlawumbe omncane, odade abancane abahlezi lapha, njengabesifazane abancane ababukeka kakhulu. Izwe lingathanda ukuthi kuni, “Yenzani *kanje nakanje*. Umuhle. Umzimba wakho ume kahle. Ufanele ukuveze lokho.”

⁶⁷ Kodwa, dadewethu, phakamisa amehlo akho bese ubuka ngale kwalokho, kuYe owathi, “Kuyisinengiso ukuba owesifazane agqoke ingubo engeyowesilisa.”

⁶⁸ Uma amadoda abantu emphakathini wakini, uma abesifazane ohlanganyela nabo, bathi, “Gunda lezozinwele ezinde zisuke. Kuzophola. Kuzoba *yilokhu, lokho*, noma *okunye*.” Noma, “Kuzokwenza ubengcono.” Ungalokothi ukulalele lokho!

⁶⁹ Wena phakamisa amehlo akho, futhi ngokukholwa waMbona owathi, “Izinwele zowesifazane ziludumo kuye, futhi angeke azigunde.”

⁷⁰ Uma bethi, “Uzoduma. Uzoma kahle nomsebenzi wakho, noma nomphathi wakho, uma ungaphuza kokuzijabulisa. Uma ungabhema ugwayi njengabo bonke abanye abesifazane, ungaba ngozijabulisayo kakhulu komakhelwane.”

⁷¹ Ngokukholwa phakamisa amehlo akho futhi ubuke kuYe Owathi, “Ngecolisani lomzimba, futhi Ngizowubhubhisa.” Ngokukholwa siyazikhohla lezozinto. Akulutho okubonile. Yinto oyikhohwayo. Ngokukholwa, uMose wenza.

⁷² Futhi kuloluhambo lokukholwa, kuza isikhathi lapho kumele kube nokukhetha.

⁷³ ULoti wenza lelophutha elibuhlungu esilenzayo. Izikhathi eziningi sizikhethela lokhu okuzosilungela. Sikhetha izinto ezizobangcono.

⁷⁴ Ngesinye isikhathi uma kunokuhilizisana kufika ebandleni, futhi omunye athi, “Yebo-ke, idikoni noma umelusi ungakuloluhlangothi.” Ungakubuki lokho. Buka kulokho okulungile. Khipha leyonto futhi uzilethe zombili ndawonye. Lokho ngubungcwele.

75 Kukhona ukukhetha. Futhi siyazikhethela ngokwethu. Sikhetha into ezosilungela.

76 Kodwa uMose wakhetha izinhlupheko nehlahlo, ukuze akwazi ukuhamba nabantu bakaNkulunkulu. Cabanga ngakho manje. Kulalele. “Wakhetha izinhlupheko zabantu bakaNkulunkulu, futhi wakubalela njengengebo enkulu, ngoba waqinisele, embona loWo Ongabonwayo.”

Manje, uLoti, ngesinye isikhathi, wadingeka enze ukukhetha.

77 Futhi kungahle ukuba, kulokhu ukusa, ukuthi kuzoba abesilisa nabesifazane abahlezi lapha, ozokwenza ukukhetha kwakhe kokugcina. Uyilokho oyikho namhlanje, ngoba eminyakeni embalwa eyedlule wakhetha ukuba yilokho oyikho manje. Futhi lokho okukhetha manje yikho okuzonquma ozoba yikho eminyakeni eyisihlanu kusukela namhlanje. Iminyaka eyisihlanu kusukela namhlanje ungahle ube isithunywa senkolo. Iminyaka esiyihlanu kusukela namhlanje ungahle ube ngumKristu ongasaziwayo.

78 Noma, iminyaka eyisihlanu kusukela namhlanje ungahle ube sesihogweni, ngoba wenze isinqumo esingesimo. Iminyaka eyisihlanu kusukela namhlanje ungahle ube ngowasha izitsha endlini yokuphuza utshwala. Iminyaka eyisihlanu kusukela namhlanje ungahle ube yisifebe esitaladini.

79 Noma, ungaba mhlawumbe owesilisa noma owesifazane o—olusizo emphakathini, ngenxa yokukhetha kwakho kukaKristu. Iminyaka eyisihlanu kusukela namhlanje ungahle ube seNkazimulweni, uhambile waya oHlwithweni, ngoba wenze ukukhetha kwakho namhlanje.

80 Kodwa ufanele ukhethe. Futhi ungakubuki lokho okubonayo. Khetha lokho okubona ngokukholwa. Yileyo kuphela into ezosebenza, yilokho okukhetha ngokukholwa.

81 ULoti, njengoba kwakufanele enze ukukhetha. UAbrahama unika uLoti ukukhetha kwakhe.

82 Futhi uNkulunkulu ukunika ukukhetha kwakho. “Khethani nina namhlanje ukuthi ngubani enizomkhonza.” Ensimini yase-Edeni kwakunesihlahla so—sokwazi, neSihlahla sokuPhila. Umuntu wanikezwa ithuba lokukhetha noma kulokho abekufisa. Futhi kukanjalo nanamhlanje. Unikezwe ithuba lakho, njengabantu bokuzikhethela, ukuthi ukhethe noma yini ofuna ukuyikhetha.

83 Iseluleko sami kini, ukuthi, ungabuki izinto zesimanje manje eduze nawe, nodumo nobukhazikhazi ongaba yibo. Kodwa khetha, kunalokho, ngokukholwa, Loyo onika isethembiso ukuthi ngelinye ilanga Uzofika futhi uyoqondisa konke ukugwegwa, futhi uzoninika ukuPhila okuPhakade, futhi anivuse. Akunandaba uma uthatha indlela

edelelekile nabambalwa beNkosi, yenza lokho kukhetha. Uma kunezinkathazo esandleni, uma kunezinkathazo ezweni, uma kunezinkathazo ebandleni, uma kunezinkathazo ekhaya, akunandaba ukuthi ikuphi, yenza ukukhetha kwakho, “Ngokukholwa, ngizokhonza uNkulunkulu. Ngizothobisa inhliziyi yami eBukhomeni baKhe. Ngizothatha indlela nabantwana bakaNkulunkulu. Ngibabona bedelelekile futhi benqatshiwe, futhi benqatshiwe futhi kwahlekiswa ngabo, kodwa ngizokhubeka ngithathe indawo yami yokusebenzela. Ngizohlala kuyo. Futhi uma bekhala, ngizokhala kanye nabo. Futhi uma kunosizi, ngizodabuka kanye nabo. Indlela abayiphilayo, ngizoyiphila.”

⁸⁴ NjengoNawomi owathi. . . Noma, uRuthe wathi kuNawomi, “Izindlela zakho mazibe izindlela zami. Izindlela zami mazibe izindlela zakho. Lapho uhlala khona, ngohlala. Lapho uyakhona, ngiya khona. UNkulunkulu omkhonzayo uzoba nguNkulunkulu wami.” Thatha lokho kukhetha, nakuba kudonsa kususe lesosikhumba sikanembeza wakho, obecabanga ukuthi uwutho. Zihlanze wena uqobo futhi uthathe indlela yakho nabeNkosi abambalwa abadelelekile, futhi uhlale wethembekile ensimini yomsebenzi nasendaweni yokusebenzela.

⁸⁵ ULoti waqalaza. Wathi, “Nginokukhetha.” Futhi wabuka ngaseSodoma. Wabona amasimu agcwele utshani ukuthi ayengcono kunalokho uAbrahama akubona, nalapho uAbrahama ayekade ekhona. Wawabona amathuba okudlisa izinkomo zakhe, ukuba nezikhuluphele nezinkomo ezingcono.

⁸⁶ Ngiyethemba angilimazi mizwa yamuntu. Kodwa lesi bekuyisinqumo sabashumayeli abanengi, ukuba baxegise ngeVangeli, becabanga ukuthi bathola imali eningi ngakho. [UMfowethu Branham ushaya izandla zakhe kathathu—Umhl.] Ithikithi lokudla! Ngingamane ngihlale endaweni engatheli lutho, ngidle, ngiphuze engatsheni, futhi ngidle amaqebelengwane e-soda, kunokuthi ngixegise ekuqinisekeni kokukholwa kwami eZwini likaNkulunkulu ophilayo. Ngizothatha indlela yami.

⁸⁷ Abanye babo bathi, “Billy, yini indaba ngenkonzo yakho, njengama kunamaPentecostal amaningi kakhulu kuyo.” Umshumayeli omkhulu wehlelo washo lokho.

Ngathi, “Ihlelo lakho lingazixhasa yini izinkonzo zami na?”

⁸⁸ Kungekho kade, ephaphabhukwini iLook, ngiyakholwa, kwakunendatshana ebhaliwe. Futhi lombhali wathi lapho, wakhuluma ngabantu bamaPentecostal. Wathi, “Ibandla lePentecostal yibandla elikhula ngokushesha kunawo onke emhlabeni namhlanje.” Ngani na? Kungoba abesilisa nabesifazane baphakamise amehlo abo base bebuka buqamama.

⁸⁹ Nalombhali wabancoma futhi abantu bamaPentecostal. O, kusobala, wathi, “Bekunabanye babo abahamba bedlova, nokunjalonjalo. Kodwa, iMethodisti ikhonza isivumokholo. Bakhonza uNkulunkulu ngesivumokholo. IBaptisti yenza okufanayo, namaPresbyterian. Kodwa iPentecostal ikhonza ngeBhayibheli lakhe.”

⁹⁰ Ngokukholwa sibona isethembiso. Ngizothatha inkatho yami kanye nabo, akunandaba ukuthi badeleleke kangakanani, inqobo ngingomunye wabo. Nakuba kuhlekiswa ngabo, futhi bewa-bevuka, njengoba uIsrayeli enza, ngingeke ngifune ukuma nomprofethi wamanga eceleni kwegquma, uBalamu, futhi ngizame ukuqalekisa lokho uNkulunkulu akubusisile. Ngoba, kuleyonkambu kuneDwala elashaywa, noMhlatshelo onegazi, neNsika yoMlilo. Akunandaba ukuthi bakukuphi, kubaholela ngqo ekunqobeni, futhi bafanele beze kuyo, ngoba bangabantu abethenjisiwe abahamba ngokukholwa. Nakuba bengesilo ihlelo, babeyilaba ozulazulayo lapho, futhi kanjaloke nabantu bakaNkulunkulu. Kodwa ngifuna ukuthatha indlela yami kanye nabo, ngibajoyine ezigabeni zabo; hhayi ehlelweni labo, Kodwa enhlanganyelweni yabo emibhalweni kaMoya oPhakade kaNkulunkulu, lokhu ukuthi, ngokukholwa ngiwemukele umbhaphathizo kaMoya oNgewe. Nkulunkulu ngisize ngihlale nginalesosimo somqondo.

⁹¹ Qaphelani. Besaqhubeka beya phambili, sithola ukuthi uLoti wabona amathuba ezinkomo ezi—ezikhuluphele. Abanengi babona amathuba ezincwajana zamasheke ezikhuluphalisiwe. Abanengi ubona amathuba okuma kangcono emphakathini. Wabona amathuba okwenzeka amadola angeziwe ambalwa. Wabona amathuba angenzeka ukuthi abe umphathidolobha. Ngokuba ngumuntu oyisihambi, nendoda ekhaliphe kakhulu, njengoba wayenjalo, “Mhlawumbe ngizoba yindoda eyisikhulu salelidolobha.” Wabona amathuba angenzeka ngoba ayendlalwe phambi kwakhe. Kodwa akawubonanga umlilo owawuzobhuhisa izwe. Akazange azibuyise yena uqobo, ukuthi izwe laligcwele isono, futhi uNkulunkulu kwadingeka alibhuhise.

⁹² Futhi, namhlanje, abantu bazama ukuzibuyisa bona uqobo ngokuthi, “Ngabe u . . . ?”

Ngiyaye ngithi, “Ngabe ungumKristu na?”

⁹³ Bathi, “NgingumMelika.” Lokho akukaphathelani nakho nakancane kunokuzama ukuthi igwababa laliyixoxo. Akukaphathelani nhlobo nakho. [UMfowethu Branham ushaya izandla zakhe kanye—Umhl.]

⁹⁴ Lona owesifazane uzobhujiswa, ngoba uNkulunkulu unobulungiswa. Futhi uma iMelika iphunyuka nezono zayo, ukulunga nokuzibusa, uNkulunkulu ongcwele ufanele abophezeleke ukuba—ukuba avuse iSodoma neGomora futhi

axolise kulo ngokulishisa aliqede, ngenxa yesono salo; uma Esivumela siphunyuke ngakho.

⁹⁵ Uma enivumela nifike eZulwini ngalemisebenzi yenu engenabulungiswa, Uzofanele avuse uAnaniyase noSafira futhi abanike elinye ithuba. Yena uyokwenza impela. Kodwa Ulungile. UAnaniyase wabona imali yakhe. UPetru wabona uKristu.

⁹⁶ O, hhe! ULoti akakubonanga ukubhujiswa kwabantwana bakhe kuleyondawo.

⁹⁷ Abaningi benu, namhlanje, ababambebele kulezizivumokholo ezindala eziyisitashi nezinto, anikuboni ukuziphatha kabi kwabantwana nokubhubhiswa kwabantwana benu. Awuyiboni indodakazi yakho endlini yesifebe. Awuyiboni indodana yakho idakwa, noma isetafuleni lokudlala emakhadi ndawo ndawo.

⁹⁸ “Ngoba uniselwe kahle.” Futhi isono asithintwa. Akazange ambone umkakhe, inhloko yazozonke izinhlangano zemiphakathi, waguquka waba isiduli sikasawoti, ngesikhathi ebuka. Akazange ambone yena ephunyuka ngesamagundwane, edolobheni elincane ndawo ndawo, ngokuphila kwakhe. Akazange akubone lokho, ngoba wabuka kuphela lokho ayekubona phambi kwakhe.

⁹⁹ Kodwa, uAbrahama, akaliqaphelanga izwe eliniseleke kahle, ngokuba waphakamisa amehlo akhe futhi wabona ikusasa, ngoba uzodla ifa lakhokonke. UmKristu wangempela namhlanje uphakamisa amehlo akhe futhi ubona isethembiso sikaKristu: “Babusiwiwe abamnene ngoba bayokudla ifa lazozonke izinto. Bayodla ifa lomhlaba.” UmKristu wangempela, ngokukholwa, ubuka phezulu abone lokho. Mbize ngalokho ofuna ukumbiza ngakho. Waphakamisa amehlo akhe. Futhi ngesikhathi enza lokho, uNkulunkulu wathi, “Abrahama, hamba ezweni, elakho lonke.” Ngokukholwa, uAbrahama wenza lokhu; ukukholwa okufanayo uMose ayenakho.

¹⁰⁰ Kwabhalwa ngomunye umhlaziyi, owasho lokhu. Ngicabange ukuthi bekungamagama amahle kakhulu. Ukuthi Abra-... “uMose wathatha okuhle kunakho konke komhlaba futhi wakubeka esikalini sinye; nokubi kakhulu kwenkolo, futhi wakubeka kulesi esinye isikali; futhi okubi kakhulu kwezenkolo kwedlula okuhle kunakho konke komhlaba ngesisindo.”

¹⁰¹ Kunjalo-ke nanamhlanje, ukuthi uma sibizwa nganoma yini esifuna ukubizwa ngayo, “izinhlanya,” noma “abaphilisi ngokukaNkulunkulu,” noma “umgingqiki oNgcwele,” noma yini abafuna ukuyibiza. Okubi kakhulu esiyikho okuzokwedlula okuhle kakhulu izwe elingakwazi ngesisindo. Bafuna ukubizwa nge “fashini endala, umuntu omdala onombono wefashini endala, uhlanya.” Kuzokwedlula into enhle kakhulu udeveli angabanayo ukukunikeza yona. Impela izokwenza.

¹⁰² UMose wakhetha ukuthukwa ngenxa kaKristu. Wabona uKristu ngaphambili. Kamuva wakhuluma amagama anamandla anogqozi ngaYe. “Niyabo, iNkosi uNkulunkulu wenu izonivusela umprofethi onjengami.” Wayazi. WaMbona ngaphambili, futhi wakhetha ukuthukwa ngenxa yaKhe njengemicebo emikhulu kunobukhazikhazi bezwe.

¹⁰³ Mngani ongumKristu, namhlanje, ningekwenze lokho na? Futhi bonke ubukhazikhazi nodumo lwezwe, ngokukholwa, siyambona Yena lowo owathembisa. Futhi okubi kakhulu kwebandla namhlanje, kusosonke isimo salo, nokho Lizokwedlula yonk’into ngesisindo leyo udeveli angakunikeza yona. Uma sidabukile, uma sidabuke saba yizicucu, uma sididekile futhi sidabukile, emahlelweni nasekuhlanyeni, lizokwedlula noma yini ngesisindo udeveli angakunika yona. Impela.

¹⁰⁴ Wakhetha ukuthukwa ngenxa kaKristu njengemicebo emikhulu kunayoyonke iminoto yaseGibhithe. Ngakho-ke kwadingeka enze okuthize. Washiya iGibhithe. O, ngiyalithanda lelogama. Washiya iGibhithe. Niyabo, wayebuka efasiteleni elifanayo, kodwa wayebuka ngokwehlukile kuFaro. Ukube uFaro wayesibonile isiphetho sakhe na? Ukube uFaro wayesibonile isizwe sakhe siminza na? UMose wasibona. Kanjani na? Ngesayensi na? Ngokukholwa, uMose wasibona. Yonk’into ayeyeyenza yayingokukholwa, ngoba uNkulunkulu wethembisa uAbrahama, ubaba wakhe, ukuthi Uzo—Uzovakashela lesisizwe emva kweminyaka engamakhulu amane, futhi uzobakhipha. Futhi ngokukholwa, uMose walikholwa iZwi uNkulunkulu alisho, futhi wayezazi yena uqobo, njengokukholwa, ukuthi uzokhethwa abe ngumholi wokubakhipha. Wayazi ukuthi wayekuphi. Wathatha indawo yakhe emigodini yodaka, njengomxovi wodaka, futhi wabala ukuthukwa ngenxa kaKristu njengemicebo emikhulu kunokuhlala esihlalweni sobukhosi baseGibhithe. Wathatha . . . Akazange ake athi, “Ngiyazwelana nakho.” Wathatha indawo yabo futhi wahamba nabo! Udumo ku . . . Wathatha indawo yabo. Wahamba nabo.

¹⁰⁵ Akumangalisi lombhali onogqozi wathi:

Ngizothatha indlela nabeNkosi abadelelele
abambalwa.

Ngiqale kanye noJesu, manje ngizophumela
ngale.

Ngisendleleni yami eya ezweni laseKhenani.
(Impela.)

¹⁰⁶ UMose. Kwashiwo ngomunye ukuthi uMose wayekhetha esikhundleni sokuthi, ngesikhathi wayefanele abe yindodana kaFaro futhi wayenobukhazikhazi bezwe, wathi angamane abe yindodana kaAbrahama kunokuthi angaba yindodana

kaFaro. Indodana kaAbrahama, odelelekile, kunokuthi angaba yindodana kaFaro, inkosi.

¹⁰⁷ Ngingamane ngibe yindodana yeNkosi uJesu, nenceku yaKhe esikanye nayo, futhi ngithathe indawo yami nabantu abenqatshiwe balomhlaba, kunokuba nguMengameli waleUnited States of America enkulu, noma ukuba nguElvis Presley, noma uPat Boone, noma ngubani ofuna ukukwenza yena. Ngizothatha indlela yami.

¹⁰⁸ Amanenekazi amancane afanele athathe indlela yawo. Esikhundleni sokuba ngu—nguMary Pickford, noma isihlabani esithize samafilimu, intombazane yobukhazikhazi, thatha indlela yakho nabadelelekile beNkosi abambalwa.

¹⁰⁹ Ngingamane ngibe ngumshumayeli epulpiti, ngishumayele imicebo kaKristu engehlolakale, kunokuba isihlabani sefilimu saseHollywood, noma umuntu omkhulu emhlabeni. Uma kubiza ukuthi ngidle okungenamsoco, ngicele, noma ngabe yini okumele ngiyenze, ngizothatha indlela yami nabantu beNkosi. Ngokukholwa, ngenza lokho. Nginikezwe ithuba. Kodwa, ngomusa kaNkulunkulu, ngisabona ngokukholwa.

Ngokukholwa ngikubona kude le;
NoBaba wethu ulinde endleleni,
Ukusilungisela indawo yokuhlala Lapho.

¹¹⁰ Indoda yentela yenzuzo engenayo yathi, ngelinye ilanga, “Kungani ushintshe ikhaya lakho laba yilelosonto na? Yini ekwenze unikele ngekhaya elibiza izinkulungwane zamadola ezingamashumi amabili nesihlanu kulelotabernakele elidala elibukeka lingudoti na?”

¹¹¹ Ngathi, “Akusilo ibandla elangenza ngakwenza. Ngababantu abalapho.” Anginalutho nhlobo yezinto zalelizwe. Wonke upeni wemali engake ngayithatha ngawuletha kulelibandla. Ngani na? Ukukholwa kwami kukuNkulunkulu, futhi hhayi ezintweni zalelizwe. Ukuthinteka kwami ngothando okwaphezulu. Futhi ngiyakholwa nonke kunjalo, uma nikahle noNkulunkulu. Kuliqiniso, ukuthi nikahle. Thina, ngokukholwa, siyemukela. Thina, ngokukholwa, sikholwa uNkulunkulu.

¹¹² UMose, kwadingeka enze ukukhetha. Futhi-ke kwadingeka, emva kokwenza ukukhetha, kwadingeka alwe nalokhukukholwa, khona-ke, ngoba wayengalwesabi ulaka lwenkosi. Manje, ngokobuntu, wayenelungelo lokwesaba ulaka. Wayenelungelo lokwesaba ulaka lwenkosi, kodwa akakwenzanga. Akakwenzanga, ngoba wayenomsebenzi okwakumele awenze, futhi wayesemgqeni womsebenzi. Futhi wayengenandaba ukuthi iNkosi ithini ngakho. Wathatha indlela yaKhe ngokufanayo.

¹¹³ Manje, uFaro, kusobala, uma ebona ukuthi wehluliwe, wayefuna ukunika uMose nabantwana... Wathi, “Kulungile,

ngizokutshela ukuthi ngizokwenzani. Nina nonke hlalani lapha ezweni bese niphuma niyokwenza imihlatshelo kuNkulunkulu wenu.”

¹¹⁴ Yileyondlela-ke asebenza ngayo udeveli. “O, ungaba ngokholwayo. Kungani ungayi ngale futhi ujoyine ibandla elithize na? Awufanele wenze zonke lezizinto.” Indoda ithi kumkayo. . .

¹¹⁵ Unkosikazi uthi, “Myeni, ngisindisiwe. Akusekho ukwenza izinzifo, noma ukupenda umlomo nezinto. Akusekho okwalokhu. Awasekho amaphathi. Akusekho lutho okwalezizinto ezezinhlangano. Ngiphumile kukho! Ngizofaka isikhathi sami ekufundeni iZwi, nginakekele ikhaya.”

¹¹⁶ “Manje, buka, s’thandwa. Wena, ungaba okholwayo, kulungile. Manje, buka, hamba u—uye ngalapha. Uthole ibandla elingesilo.”

¹¹⁷ Cha, awunalo. Ukwelikahle. Uma unomshumayeli ozoshumayela lokho kuwe, ufanele uhlale nalo. Hlola emuva emiBhalweni uthole ukuthi ngabe lokho kuyikho yini.

¹¹⁸ “O,” wathi, “hamba uye ngalapha. Abafanele—abafanele ukwenza lokho ngalapha. Niyabona? Abakwenzi lokho ngalapha.” Yileyondlela. . . “Hamba nje kangako.” Kodwa akafuni ukuthi uphume kulelizwe. Yileyondlela udeveli enza ngayo. Akafuni ukuthi uphume ezintweni zezwe; woza nezwe nje kanye nebandla.

¹¹⁹ Kolunye usuku, ngehla ngomgwaqo, ngavula umsakazo wami. Futhi kwakune—neculo, futhi ngaqhubeka nokulalela, futhi kwadingeka ngithathe, cishe, leliculo ngilique, ngaphambi kokuthi ngikwazi ukusho ukuthi laliyiculo lokukholwa kwangempela, noma udeveli uzama ukwehlisela phansi izinto zikaNkulunkulu ziye esigabeni sezwe. Ungeke ukwenze lokho! Nkulunkulu yiba nomusa!

¹²⁰ Anginandaba ukuthi mangaki amarekhodi omculo awabhalayo uElvis Presley, awowonke lamaculo amnandi okukholwa. Uselokhu uphethwe ngudeveli. Wathumela abantwana abaningi esihogweni, nayoyonke leminyakazo engiyaziyo, kuwowonke umhlaba kulolusuku. UPat Boone nalaba abanye babo, ngowechurch of Christ; noElvis Presley, uyiPentecostal; bangoJuda iSkariyotho, esimeni salawomadoda. Udeveli uzama ukuletha izinto eziphakeme zikaNkulunkulu, ukuze bazihlanganise lapha phansi. Lababantu bangeke babuke ngaphezulu, Lokhu. Babuka lapha nje, bathi, “Yebo-ke, kuyafana konke nje.” Akufani. Phumani ezweni.

¹²¹ Wathi, “Ningahamba nje izinsuku ezimbalwa. Futhi hambani, nihlale ezweni.” Impela, wayazi ukuthi babezobuya. Wase-ke ethola ukuthi lokho bekungeke kusebenze, ngakho wacabanga okunye okwehlukile. Wathi, “Ngizonitshela ukuthi nenzeni. Qhubekani niphume niye noma yikuphi lapho nifuna

ukuya khona, kodwa shiyani wonke amakhosikazi enu, bonke abantwana benu, nazozonke izinkomo zenu, emuva *lapha*. Bashiyeni lapha, bese niyaphuma.” Ngoba, wayazi ukuthi banemphahla emuva lapho, ezobadonsela emuva.

¹²² Futhi yilokho udeveli akushoyo kuwe. Kuphela nje uma uzoshiya ezinye zezinto zezwe zilenga kuwe, usafuna ukubhema, ufuna kuphuza, ufuna ukugqoka njengezwe, lokho kukahle njengoba udeveli efuna.

¹²³ Ngizwa okuningi mayelana nokuhlubuka. Angikholwa ukuthi kunokuningi ngakho ukuhlubuka njengoba abantu becabanga ukuthi kungako. Bashiya nje izimpahla zabo eziningi kakhulu eGibhithe ukuba zibadonsele emuva, yilokho-ke. Ukuhlubuka akusikho lokho abathi yikho. Nishiye okuningi kakhulu kwezwe emuva lapho, okukudonsayo.

¹²⁴ Mfowethu, ngiyakutshela, ngesikhathi uIsrayeli elungela, phakathi nobusuku, babenayo yonke into ababenayo kulomhlaba, ipakishiwe futhi belungele ukuhamba.

¹²⁵ Nkulunkulu sithumelele imvuselelo enjengaleyo. Sipakishe yonk'into, bese silungela ukuhamba. Ukumemeza kwaphakathi nobusuku kuyeza, “Phumani niMhlangabeze.” Kuzoba kuhle uyipakishe yonke into. Kungcono ungabi nalutho, lelizwe, elikudonsela emuva, nanezintambo ezizokubamba. Pakisha. Asilungele. Siyahamba.

¹²⁶ Futhi niyazi ukuthini? Nginyanitshela, babethembekile kuNkulunkulu, waze uFaro waxhuxhuma phakathi nobusuku, wathi, “Phumani! Phumani, futhi nihambe. Thathani konke eninakho, futhi nihambe!”

¹²⁷ Ngiyathokoza kakhulu ukuthi indoda ingaphila eduze kakhulu noNkulunkulu, aze udeveli angasazi ukuthi kumele enzeni ngaye. Kunjalo. Phumani! Qhubekani nihambe! Thobelani uNkulunkulu!

¹²⁸ Ngokukholwa, wasibona isethembiso. Umxovi wodaka, noma kungekho mxovi wodaka, wathatha indlela yakhe kanye nabeNkosi abambalwa abadelekile. UFaro wathi, “Thathani konke okwenu eninakho niphume lapha! Angisazi ukuthi kumele ngenzeni ngani.” Wayethembekile kakhulu kuNkulunkulu, ngokukholwa.

¹²⁹ Ukukholwa kuzokwenza izimangaliso, uma uzohlala ngokwethembeka kuNkulunkulu. Ngokukholwa, siyaMbona.

Isikhathi sethu siphelile; sesishayile isikhathi.

¹³⁰ Kodwa, ngokukholwa, kulokhu ukusa, phakamisa amehlo akho. Awukuboni okuseduze nawe, lelizwe lesimanjemanje, kodwa buka ubone Yena Onikeza isethembiso. IBhayibheli lathi, “Asiziboni zonke izinto ngokuphelele manje, kodwa siyambona uJesu.” Wena buka kuYe, kulokhu ukusa, nezindlela zakho zizogquulwa.

131 Sisakhothamisa amakhanda ethu, umzuzwana nje, senzela izwi lomkhuleko. Kwangathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo eMlayezweni.

132 Cabanga enhliziyweni yakho manje. Ngabe bewulokhu ubuka izinto zezwe na? Ngokukholwa, ngabe uyambona uJesu na? Ngabe ubuke odumweni lwakho, lwebandla lakho na? Ngabe ume kanjani maqondana nenhlalakahle ezweni? Noma, uyambona uJesu Lowo, ngozwelo, azibeke Yena uqobo esandleni sangakwesokudla soMkhulu phezulu, Oweza ukubulawelwa inkolo, olungile enzela abangalungile na? Ungeke yini waphakamisa amehlo akho ubone lesoSihlahla sokuPhila ngale na? Ngakho-ke, shiya lesisihlahla sesayense nolwazi, bese ukhonza Yena.

133 Ungathanda ukukhunjulwa emkhulekweni ngingakakhuleki na? Phakamisa isandla sakho, nganoma yisiphi isicelo ongahle ubenesidingo saso. UNkulunkulu akubusise. Uyasibona isandla sakho.

134 Uma uyisoni, phakamisa amehlo akho bese uyabuka manje. Uma bewulokhu ungenandaba, uma bewulokhu unokuhilizisana okuncane nezinto ezincane, kwenza mehluko muni na? Uzofa kwelinye lalamalanga. Luphi usuku na? Mhlawumbe namhlanje! Awazi. Ehoreni kusukela manje, ungahle ubesesihogweni, noma ungahle ubeseZulwini. Kodwa ufanele ukhethe manje. Uma kukhona noma yini empilweni yakho okungakalungi, khetha manje, ngokukholwa.

135 Wena uthi, “Awu, uma ngingaziphindisela naye owesifazane! Uma uma ngingaziphindisela naye owesilisa!” Akunandaba ukuthi benzeni, khetha ukuPhila. Khetha ukuPhila.

136 Ngokuba, uJesu wathi, “Uma enhliziyweni yakho ungaxoleli wonke umuntu iziphambeko zabo, kanjalo noBaba wakho oseZulwini angeke akuthethelele nawe.” Ngakho sondela kangako. Uma kukhona esisodwa isikweletu onaso nomuntu othize, isoni noma ongcewele, usengozini yomlilo wesihogo.

137 Manje phakamisa iso lakho. Ubonani na, isitha sakho na? Noma, uyambona yini uMsindisi wakho na? Ubukani kulokhu ukusa na?

138 Uma ugula, futhi nodokotela wakho uthi ungeke usinde, phakamisa iso lakho, ulibhekise esiphambanweni, lapho Alinyazwa khona ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaKhe saphiliswa. Ungabuki kulokho okushiwo ngudokotela; usebenza kwisayensi. Ukukholwa kusebenza ezingeni likaMoya noNkulunkulu. Akesicabange ngalezizinto manje nisaphakamise izandla zenu. UNkulunkulu uzibonile.

Asikhuleke.

139 O Nkulunkulu oPhakade, ekuthuleni kwalokhu kukhonza manje, emva kokuba uMlayezo sewuphumile, ungazivumeli

lezozinhlanyelo zeZwi laKho, Nkosi, ziwele emhlabathini ongamatshe. Ungawuvumeli uMlayezo, Nkosi, uwele emhlathini elinameva, emeveni, ukuthi iminako yalokhu kuphila (njengoLoti) ingahle iyiminyanise, ekugcineni, ibe ngelahliwe. Kodwa, O Nkulunkulu obusisekile, ayiwele kwemihle, evundile imihlabathi, ezinhliziyweni ezizisolayo. Nakweyami, futhi, Nkosi, ukuthi sonke singabuka engilazini kaNkulunkulu yokubuka, futhi sibone ibandla leNkosi uJesu elenqatshiwe, abantu abenqatshiwe, indlela enqatshiwe, futhi kwangathi singahamba kulendlela ekhazimulayo.

¹⁴⁰ NjengoMose, wayengazi ukuthi uyaphi. Abantu babengazi ukuthi bebayaphi. Bebangazi ukuthi iyiphi indlela ababefanele bahambe ngayo. Baqala nje.

¹⁴¹ Futhi, O Nkosi Nkulunkulu, njengoba leliculo elihle lisadlalwa, ngokukholwa siyalibona leloZwe buqamama. Akube manje nje, lapho abesilisa nabesifazane lapha bengeke bacabange ukuthi izwe lizothini, noma bazohamba kanjani. Kwangathi bangaphakama emoyeni, futhi bahambe.

¹⁴² UMose walandela ukuKhanya, futhi Kwamhola waya ezweni lesethembiso. Engazi ukuthi uyaphi, kodwa nje wahamba ekuKhanyeni, ukuya kulelozwe elalilihle kunosuku.

¹⁴³ Siphe, Nkosi, namhlanje, ukuthi abanangi lapha bazohamba ekuKhanyeni komBhalo nasenhlanyelweni kaMoya oNgwele, kanye neBandla; iBandla, iZibulo, abantwana abasanda kuzalwa abemukele uKristu, futhi abagewaliswe ngoMoya oNgwele, beholwa nguMoya. Kwangathi singahamba kulenhlanyelo, ndawonye, emibhalweni kaNkulunkulu, siMkhonza ngombhabhathizo, ngokuthoba ekufeni kwaKhe, ukungcwatshwa, nokuvuka kwabafileyo. Kwangathi singaMkhonza emyalweni waKhe othi, "Lindani eJerusalema nize nigwaliswe ngaMandla avela Phezulu." Kwangathi singaMkhonza ekuphiliseni ngokobuNkulunkulu, ekukhulekeleni abagulayo. Kwangathi singaMkhonza esidlweni seNkosi, ekuhlephulweni kwesinkwa, ngobunye benhliziyi, enhlanyelweni ngaseZwini likaNkulunkulu. Kwangathi singaMkhonza kuyoyonke imibhalo yaKhe yobuNkulunkulu, lize leloZwe libonakale. Siphe khona, Nkosi. Yizwa umthandazo wethu, sisakunikela konke kuWe manje, eGameni leNkosi uJesu.

¹⁴⁴ Manje namakhanda ethu ekhotheme, ngokuthula, ngesineke, ake nje sicule leliculo. Manje lokhu ngukukhonza. Umlayezo sewuphelile. Akekho ohambayo. Thulani nje. Asikhonze.

¹⁴⁵ Umlayezo uyalungisa. Cabangisisa manje ngalokho okwenzile, lokho obewufanele ukwenze, lokho okukwenze lokho oyikho namhlanje. Lokho okukwenza ube ngolahliwe, namhlanje, ngoba wenze into ethize izolo. Kuzobanjani kusasa na? Kulungise namhlanje, futhi uzokhululeka kusasa. Niyabo? Ufanele wenze ukukhetha. Ungakwenza kanjani na?

“Ngokukholwa, manje sengikhulula yonk’into. Sengiyakhulula, futhi ngelinye ilanga ngiya khona Ngale.”

Kwelimnandi khona maduzane,
Siyakuhlangana kulelo elihl- . . .

Dumisani nje iNkosi emoyeni wenu manje.

Kwelimnandi khona maduze,
Siyakuhlangana naleloBandla elidelekile.
(Hamba kanzima, kodwa sohlangana
ngelinye ilanga.)

KuBaba wethu onikeza izidingo ophezulu,
Sizonikela izethulo zethu zendumiso,
Ngenxa yesipho esimangalisayo sothando
lwaKhe,
Nezibusiso ezingcwelisa okwethu . . .

Nalabo beNkosi abambalwa abadelekile, ngokukholwa,
ngiyakhetha.

Kwelimnandi (kwelimnandi) maduze . . .
(khona maduze)
Siyakuhlangana kulologu oluhle; (khona
maduze)
Kwelimnandi (kwelimnandi) khona maduze,
Siyakuhlangana kulologu oluhle.
KuneZwe eli . . .

Khonzani nje Yena. Lokhu ngokukhonza.

. . . kukholwa ngiyalibona,

Ngokukholwa ngenza ukukhetha kwami.

O, uBaba uyalinda . . .

¹⁴⁶ Ngiyababona bonke abeNkosi Ngale; uMfowethu George,
uMfowethu Seward, bonke abangwele.

. . . thina indawo yokuhlala Lapho. (Yebo,
Nkosi!)
Elimnandi . . .

¹⁴⁷ Ubaba wakhe, uHoward, uEdward, bonke abangani abadala
abangcwelisiwe abathatha leNdlela, emuva le, esikhathini eside
kakhulu.

Kwelimnandi (Yebo, Nkosi!) khona maduze
(khona maduze),
Siyakuhlangana kulologu oluhle.
Siyakucula kulolo oluhl- . . . (O Nkulunkulu!)
Amaculo amtoti ababusisekile, (Udumo
kuNkulunkulu!)
. . . sayophinde sidabuke,
Kungasekho kukhathazekela izibusiso
zaleyoNdawo egcwele yokuphumula.

Kwelimnandi, elimnandi khona ma . . . (khona
maduze)
Siyakuhlangana kulolo oluhl- . . .



NGOKUKHOLWA, UMOSE ZUL58-0720M
(By Faith, Moses)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni, ngo Julayi 20, ngo 1958, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2017 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org